# OKUQUKETHWE NGAPHAKATHI

PAGE 5



ONGQONGQOSHE BATHULE INTUTHUKO ENDAWENI YASE MSINGA

PAGE 6




SIBUYILE ISITHUNZI KUZAKHAMUZI ZASE LINDELANI EMDLOVANA

PAGE 8



UNGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOLIMO WEXWAYISA UMPHAKATHI NGESIFO ESIBULALA IMFUYO

PAGE 11



UMPHATHISWA WEZEMPILO UHLABEKE UMXHWELE NGOKUHLANZEKA KOMTHOLAMPILO WASENGWELEZANE

PAGE 13



KUBEKWE ECELENI IMALI ENGU R90 MILLION UKWAKHELA IZINDLU ABEZIKHUKHULA

PAGE 15



UNGQONQGOSHE WEZEMFUNDO UGASELE ELADUMA HIGH SCHOOL

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni waKwaZulu-Natal olusemthethweni. I-KZN Operation Sukuma Sakhe ekuqukethe phakathi izindaba, imibiko nezimemezelo zikaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natal.

**Ishicilelwa kabili nenyanga**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyele esikhungweni sakho esifana nesekole, umtapo wolwazi kanye nesibhedlela ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali ku: 033 341 3300 noma ku-emali ethi: MANDLA.MSOMI@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba**


**Umhleli omkhulu**
Cecil Mandla Msomi

**Umhleli wamakhasi nezindaba**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu**
Zandile Shange

© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT




# ISILO SAMABANDLA SINCOMA UHULUMENI WAKWAZULU-NATALI NGOKUQINISA UBUDLELWANO NOBUHOLI BOMDABU

BONGANI TEMBE

UHULUMENI waKwaZulu-Natali oholwa uNdunankulu uMnuz Sihle Zikalala usuchonywe uphaphe lwegwalagwala ngemizamo yawo yokuqinisa ubudlelwano phakathi kukahulumeni nobuholi bendabuko.

Lokhu ukunconywa kuvele ngesikhathi uNdunankulu, ithimba longqongqoshe kanye nosomlomo besishayamthetho bevakashele Isilo samabandla u-Goodwill Zwelithini kaBhekuzulu esigodlweni sasoSuthu kwaNongoma.

Inhloso yokuvashela Isilo kungenye yezinhlelo zikahulumeni wesifundazwe zokuqinisa amaxhama okuxhumana nokusebenzisana noNgangezwelakhe.

“Kuyangithokozisa ukuthi uhulumeni oholwa umhlonishwa uMnuz Sihle Zikalala uthathe isinqumo sokuthi uze uzongibona ukuze sixoxe ngokuthi singasebenzisana kanjani ukuthi silethe intuthuko ebantwini.

Lesi isiqalo esihle kakhulu njengoba iKhabinethi isanda kuqokwa. Enikwenzile namuhla kuyancomeka kakhulu,” kusho Isilo samabandla.

Ekhuluma oSuthu ngemuva kokubonana neSilo,

UNdunankulu uchaze Isilo samabandla njengomholi obalulekile kakhulu



*Isilo samabandla uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu, uNdunankulu uMnuz Sihle Zikalala kanye nosihlalo Wendlu yobuHoli boMdabu KwaZulu-Natali iNkosi Phathizizwe Chiliza esigodlweni sasoSuthu kwaNongoma.*

nonezeluleko ezakhaya.

“Siyalithokozela kakhulu ithuba Isilo samabandla esisiphe lona lokuthi sizozethula kuso siyiKhabhinethi ngokusemthethweni ngemuva kokuqokwa kwethu.

Ukuza kwethu lana kusisizile ukuthi sichaze kabanzi izinhlelo esinazo siwuhulumeni zokukhulisa isifundazwe,”

UNdunankulu uphinde wancoma kakhulu izeluleko iKhabhinethi ezithole kwiMbube.

“Siyavumelana nokaMdlokombane ukuthi izinhlelo zikahulumeni kufanele zakhe amathuba emisebenzi amaningi nokuthi kufanele siqinise izinhlelo zethu zokuletha izinsiza ezifana namanzi kanye nengqalasizinda.

Siyavumelana futhi neSilo ukuthi kufanele silethe ukuthula KwaZulu-Natali.”

OkaMdlokombane uzibophezele ukusebenzisana nohulumeni ohlelweni lokulwa nesifo sengculazi kanye nezinhlelo zokwenyusa izinga lemiphumela ezikoleni.

# PREMIER SIHLE ZIKALALA INAUGURATION

Premier of KwaZulu Natal Honourable Sihle Zikalala used his Inauguration speech on 27 May 2019 to remind the residents of our province that unless the majority becomes free economically, the project of liberation will not be complete. Quoting from the Bible, Premier Zikalala said his government would continue to prioritise the needs of the poor because it is not human to suffer:

"We commit to attain fundamental and radical socio-economic development for betterment of all people. There is no humanity born to suffer injustices, indignity. We draw courage and wisdom from the holy Bible, Psalm 9 verse 13 which says, ***"for the needy shall not always be forgotten. The expectations of the poor shall not perish forever", said Zikalala.***

Premier Zikalala said the province's sixth administration would work hard to deliver the national goal of achieving a "united, non-racial, non-sexist, just, and prosperous society that is free of poverty, unemployment, crime and instability."

In order to achieve this, the Premier said he would work with all parties in the KwaZulu Natal Legislature and all stakeholders in the province.

"As the provincial government, we pledge to work and cooperate with all political parties in the Legislature. We take a solemn vow that we will service the people of KwaZulu-Natal without regard to their political affiliation, creed, status, or location. We are a creation of a people's movement, the African National Congress, which embodies and cherishes the best values of human civilisation.

We are tolerant to a multiplicity of divergent views, yet remain steadfastly principled and uncompromising on our goal to unite our nation and deliver a better life for all," said Premier Zikalala.

In line with the message delivered by President Cyril Ramaphosa during his inauguration Premier Zikalala also promised fewer words, and more action:

"President Ramaphosa reminded us that South Africans want action and not just words and promise and that South Africans yearn for a society defined by equality, by solidarity, by a shared humanity".

In this regard, Premier Zikalala identified the following priorities to be achieved over the next five years which would be based on the National Development Plan, the KZN Provincial Growth and Development Strategy.

**Priority No.1 - Basic Services**
"Our province has made progress in many areas on the provision of water. However, due to factors like climate change, environmental degradation, ageing and dilapidated infrastructure, progress has been reversed. We will coordinate with District Councils to assess their status on provision of water and develop a comprehensive plan to ensure we meet this demand as a key and urgent deliverable amongst the basic needs of our citizens".

**Priority No.2 - Job Creation**
"With regard to the unacceptably high level of unemployment We will support skills development programmes to better equip our people with relevant skills and stimulate industries that will create jobs.

- Developing a dedicated support mechanism and infrastructure to enhance manufacturing, given that most of the manufacturing activities create more jobs.
- Develop a dedicated support to clothing and textile through exploring possible incentives or establishing a dedicated Special Economic Zone for Textile.
- Provide a comprehensive support package to KZN farmers so that they can become more productive and profitable.
- We will engage National Government in conducting assessment of all farms that have been returned back to communities and reactivate those farms so that land distributed to our people is utilised productively.

**Priority No 3 - Growing the Economy**
The provincial government will:

- Work towards the Presidential Investment Conference by attracting more investors to the province.
- Ensure the implementation of all catalytic investment projects by setting up a permanent coordination mechanism which will support project promoters to fast-track implementation.
- Ensure the implementation of District Industrial Hubs and comprehensive support for industrial parks such as KwaSithebe, Ladysmith and Newcastle. These will be linked to our two Special Economic Zones namely Dube Trade Port and Richards Bay Economic Development Zones.

**Priority No.4 - Growing SMMEs and Cooperative**
In order to address poverty which creates a vicious cycle of hunger, indignity, and insecurity and contributes to social instability, crime and moral decay. A thriving economy, in a national democratic society, requires efficient markets that address the racial and gender exclusions of the apartheid past as well as address the peri-urban squalor and grinding rural poverty.

- Over the next five years we pursue Radical Economic Transformation Programme - Operation Vula by ensuring government procures from local small and micro enterprises and cooperatives.

- The Department of Economic Development, Tourism and Environmental Affairs will launch the Operation Vula Fund to provide financial support to feasible SMMEs and Cooperatives and develop rural areas and rebuild these areas as engines of national and provincial economic development.

**Priority No. 5 - Education and Skills Development**
The provincial government will continue with plans to provide access to education, including ensuring that children at the age of three years attend Early Childhood Development. It will also move with speed to ensure that secondary education fully embraces technical skills and the evolving Fourth Industrial Revolution.

**Priority No. 6 - Human Settlement and sustainable livelihood**
We will continue with the provision of houses and ensuring a sustainable livelihood to all our people. In the last financial year the department detailed mega housing projects which absorbed more people.

The Province will deliver no less than 125 000 units. Municipalities will be positioned to ensure implementation, monitoring and delivery of projects targeting these communities living in transit camps.

**Priority No. 7 - Build a Peaceful Province**
To build a peaceful KwaZulu-Natal we will address violence and crime and ensure the implementation of all recommendations of the Moerane Commission which probed the killing of political leaders and activists. We will be supported by the National Task Team which is investigating cases related to the killing of political leaders.

At the same time we will ensure the functioning of community policing forums to help mobilise communities to work in support of the law enforcement agencies.

**Priority No. 8 - Build a caring and incorruptible government**
It will be our priority to make sure that all departments are fully functional, effective, and strictly adhere to the public service principles of Batho-Pele. We call on all government employees to serve our people honestly, with respect and diligence.

The Premier's Office will embark on Operation Siyahlola which will focus on the functioning of the departments, government service centres and monitoring the implementation of government projects.

The Premier stressed the important role played by traditional leaders without whom there would be violence and no development in many areas of our province.

In particular the Premier thanked His Majesty for his role in leading the province on key matters such as fighting the scourge of HIV and AIDS:

"Without His Majesty, uHlanga Lomhlabathi, we would still be trapped in perpetual conflict and violence.

We applaud iSilo for his exemplary and unparalleled leadership in the fight against the spread of the HIV epidemic. Today more than a million males have undergone medical male circumcision, many more men and women are constantly engaged in number of programme that seek to instil good human behaviour and ubuntu.

Our King, who values education deeply, is also a champion of improving learning outcomes at our schools," said Premier Zikalala.

The Premier also thanked the faith-based community, business, the academics and professional classes for choosing to work and live in KZN and whose skills will be needed to create a truly vibrant and successful economy and successful society.

In conclusion Premier Zikalala said: "We will strive to work tirelessly and great dedication.

As revolutionaries, we are nothing but the servants of the people.

There shall be no space to rest when our people suffers poverty, unemployment and poverty.

There shall be no joy relation when lives of the people are still ruined by crime, violence, abuse and drugs."

"As Premier for all the people of KZN, I invite you all to partner with our government in forging a lasting social compact to drastically reduce the scourges of poverty, unemployment, and inequality.

It is in our hands to build and sustain a resilient partnership".



MR SIHLE ZIKALALA
PREMIER OF KWAZULU-NATAL

# IBE YIMPUMELELO INGQUNGQUTHELA YE-AIDS EBIBANJELWE E-KZN

BONGANI TEMBE

UHULUMENI waKwaZulu-Natali usuchaze ingqungquthela yezempilo ebibanjelwe e-ICC i-South African Aids Conference, njengebe yimpumelelo enkulu.

Lengqungquthela ibithanyelwe izithunywa ezilinganiselwa ezinkulungwaneni eziyishumi nambili ezivela kuzo zonke izifundazwe kanye nasemazweni angamashumi amane. Inhloso yayo bekuwukudingida izinhlelo zokulwa nesifo sengculazi esesithathe izimpilo zabantu abaningi emhlabeni wonke jikelele.

INingizimu Afrika yiyona ekhahlamezeke kakhulu ngalesi sifo. "I-South African Aids Conference ibe yimpumelelo enkulu. Izethameli ezihlanganisa ongoti kanye nabaholi bakaHulumeni zikwazile ukuthi zidingide kabanzi okufanele kwenziwe ukuze sinqobe isifo sengculazi.

SiwuHulumeni waKwaZulu-Natal sithanda ukubonga bonke ababambe iqhaza kulengqungquthela," kusho uNdunankulu uMnuz Sihle Zikalala.

Okuye kwavela kulengqungquthela ukuthi yize usumkhulu umsebenzi owenziwe uHulumeni kanye nezihlaka ezahlukene ekulweni nesifo sengculazi, kusekuningi okufanele kwenziwe ikakhulukazi ekunciphiseni inani labantu abasha abathola lesisifo. Ezinye zesinhlelo ezibonakala ziyimpumelelo ekulweni nesifo sengculazi KwaZulu-Natali ukusokwa kwabantu besilisa nokuhloswe ngakho ukunciphisa amathuba okuthelelana. Sebangaphezulu kwesigidi abantu besilisa asebesokiwe ngaphansi kwaloluhlelo noluholwa uhulumeni neSilo samabandla uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu. Nohlelo lokuhlinzeka ngemishanguzo nalo selube yimpumelelo esifundazweni njengoba sebalinganiselwa ngaphezulu kwesigidi abantu abahlomula kulo. UNdunankulu uthe uhulumeni waKwaZulu-Natal uyavumelana neziphakamiso ezehlukene ezithathwe engqungqutheleni.

**UMnu SIHLE ZIKALALA**

**UNDUNANKULU KWAZULU-NATAL**






"SiwuHulumeni waKwaZulu-Natal sithanda ukubonga bonke ababambe iqhaza kulengqungqu-thela."



*One of the thousands of delegates to the 9th AIDS Conference at the ICC Durban from Kenya who goes by the name - King of Condoms.tif*

## 9TH SA AIDS CONFERENCE 2019










# ONGQONGQOSHE BATHULE INTUTHUKO ENDAWENI YASE MSINGA

ANDILE KHOZA

**UNkk NOMUSA DUBE-NCUBE**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL**






*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha kanye nokoNgiwa KweMvelo,uNks Nomusa Dube-Ncube, ehambisana noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, UMnz Sipho Hlomuka bemukezela nhesheke kuMeya waseMsinga u Cllr BP Ngcobo.*



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha kanye nokoNgiwa KweMvelo,uNks Nomusa Dube-Ncube, Ne Nhloko yoMnyango uMnz Siza Sibande kanye nethimba elibhekelele okongiwa kweNvelo eMnyangweni.*



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha kanye nokoNgiwa KweMvelo, KwaZulu-Natali, uNks Nomusa Dube-Ncube, ehambisana noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, UMnz Sipho Hlomuka mhla ziyikhomisa kuNhlangulana (07 June) bathule ngokusimthethweni inqayizivele yentuthuko nedingeka kakhulu endaweni yase Gunjani engaphansi komaspala weseMsinga.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha kanye nokoNgiwa KweMvelo uqale ngokuthula ngokusemthethweni uhlelo lokukhuculula izimila ezingezona ezomdabu nezithathwa njengeziyingozi enfuyweni kanye nasebantwini jikele, lesisihlahla esaziwa ngokuthi uMthonti (imbricade prickly pears).

Lesishlahla singokudabuka ezweni lase Mexico elimaphathi ezwenikazi lase Melika.

Kubikwa ukuthi lesisthelo siwadla kakhulu amanzi ngengoba ngaso sonke iskhathi sihlale siluhlaza kanti nemfuyo uma ike yahlatshwa yiso kubanzima ukuthi iphile njengoba sinameva athi uma ekuhlabile angaphumi kalula ngaphandle kwalokho siyingozi kukhulu ezitheweleni noma ezihlahleni ezingezomdabu wakuleli. UMnyango We wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha kanye nokoNgiwa KweMvelo usujube ithimba labantu abalinganiselwa 15 eliqeqeshwe ngokwezinga eliphezulu elizofutha liphende liqinisekise ukuthi lesisthelo siyashabalala kuyendawo yase Msinga, kanti angeke kugcine nje lapho iningi nentsha ezophinde iqashwe ngokwetoho ekususeni nasekukhucululeni lesishlahla kulendawo yase Msinga. "Ngaphandle nje kokuthi lesisthelo siyingozi enkilu ekudaleni isomiso, siphinde simunce kakhulu amanzi nokuyinto engeyinhle ngoba phela abantu bakithi bakholelwa kakhulu ekufuyeni" kubeka uNks Nomusa Dube-Ncube.

UNgqongqoshe Dube ube esehambisani noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, uMnz Sipho Hlumuka ukuyothula uhlelo lwesgaba sesithathu sokufakelwa kukaGesi kulendawo yaseGunjana.

Kuzokhumbuleka ukuthi eminyakeni embalwa endlule indawo yaseMsinga engaphansi kwesifunda saseMzinyathi yahlonzwa njengenye yezindawo ezihlwempu kakhulu lapha e Ningizumu Afrika, kodwake uHulumeni wesifundazwe SakwaZulu-Natali usebenza awuphezi ekuguquleni lesisimo esasihlonzwe uhulumeni kazwelonke.

ONgqongqoshe bamukezele ngesheke levile esisgidini samarandi nenxenye (R1,5 Million) kuMeya wase Msinga uCllr Ngcobo ekulekelele ukuthi kuqedelwe loluhlelo lokukhanyisa uMsinga.

ONgqongqoshe abagcinanga lapho baphinde bakuqinisekisa ukuthi basozobuya belethe enye intuthukho kulendawo yaseMsinga ikakhulukazi le yamanzi njengoba kuthiwa isomiso sudla lubi kulendawo.

# Umukelwe ngezandla ezimhlophe UNgqongqoshe uNomsa Dube-Ncube e-Head office

NONTOBEKO NTOMBELA



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha kanye nokoNgiwa KweMvelo,uNks Nomusa Dube-Ncube kanye noNhloko yoMnyango uMnz Siza Sibande bekhulumisana nabasebenzi.*

Kuchwaze inhlokomo ngesikhathi uNgqongqoshe woMnyango weZokuthuthukiswa koMnotho, Ezokuvakasha kanye noKongiwa kweMvelo, uNkosikazi Nomsa Dube-Ncube evakashela abasebenzi kungalindele muntu eHead office ngomhlaka 5 kuNhlangulana 2019.

UNkosikazi Nomsa Dube-Ncube njengo Ngqongqoshe onothando nonakekelayo uthe "bekuphoqelekile ukuthi ngizifikele mina mathupha ngizibonele ngawami amehlo laba bantu besilisa nabesifazane okuyibona abenza loMnyango ume futhi usebenze ngempumelelo".

Abasebenzi bamumukele ngezandla ezimhlophe umama uNomsa Dube-Ncube batshengisa nokuthakasela ukumbona.

UMnz Siza Sibanda oyiNhloko yoMnyango weZokuthuthukiswa koMnotho, Ezokuvakasha kanye nongoNgiwa kweMvelo nabanye abaphathi boMnyango yibona abebesiza uNgqongqoshe uNomsa Dube-Ncube bemethula emahhovisi ahlukahlukene ukuze abone ukuthi umsebenzi wenziwa ngendlela efanele yini.
UNgqongqoshe ube esethembisa ukuthi uzosebenza ngokukhulu ukuzikhandla ukuze kuzokhula uMnotho wakuleli, waphinde wagcizelela ukuthi ngeke akwenze yedwa lokhu kepha uzokwenza nawo wonke umuntu ongumsebenzi walapha ekhaya bebambisene.

"KunguMsebenzi wethu ukuthi sikhulise uMnotho wakuleli, siqinisekise ukuthi amabhizinisi ingabe mancane noma makhulu kodwa ayaluthola usizo aludingayo ukuze athuthuke kanjalo futhi kungumsebenzi wethu ukuthi sivundulule amathuba omsebenzi ngoba intsha eningi iqedile ukufunda kodwa ihleli emakhaya ayisebenzi konke lokhu kuzokwenzeka masibambisene" kubeka UNkz Nomsa Dube-Ncube.

Ngaphambi kokuthi ahambe unxuse bonke abasebenzi ukuthi balandele imthetho yokusebenza, bafike ngesikhathi emsebenzini baphinde futhi baphume ngesikhathi, ngoba mabengenzi njalo kuzolimala umsebenzi ikakhulukazi kulaba bantu abazofika bedinge usizo lwakaHulumeni ekuseni noma ntambama.

Uveze nokuthi kubalulekile ukuthi abantu mabefika bezofuna usizo baluthole. Wabonga kakhulu ngomsebenzi omuhle owenziwa abasebenzi. Ngaphambi kokuthi ehambe kube sekuthathwa izithombe, washutha nabasebenzi bakhe uNgqongqoshe, Nomsa Dube-Ncube.

# SIBUYILE ISITHUNZI KUZAKHAMUZI ZASE LINDELANI EMDLOVANA

**SIYABONGA SIGWEBELA NO SIXOLE MXABO**

Sezizokuzwa ngendaba ukuhlupheka izakhamuzi zaseLindelani kumasipala waseMvoti emuva kokuthi zisusiwe emijondolo ebezihlala kuyo zayiswa emizini yazo ebiyonikezelwa ngokusemthethweni e Greytown.

Akugcinanga ngokuthi izakhamizi zingene ezindlini zazo zibuye zamukela nobunini bemizi phecelezi amatayitela.

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa Kwabantu uNeliswa Peggy Nkonyeni ubehambele indawo yaseGreytown eyothula ngokusemthethweni imiklamo yezindlu ezingama 513 ehlanganisa amawadi 7, 9 kanye no 10.

Lomklamo wezindlu udle imali elinganiselwa kwizigidi ezingama R11 3330270.48.

Ngaphambi kokuthi bangeniswe emizini yabo ngokusemthethweni kuqalwe ngokuthi kubhidlizwe imijondolo ebebehlala kuyo.

Unxusiwe umphakathi ukuba ungabuyeli kulendawo abebehlala kuyo ngoba izobhidlizwa yonke imijondolo ekulendawo.

UMnumzane Mpisemoyeni Dlomo oneminyaka engu 77 ube owokuqala ukuthi athuthelwe ifenisha yakhe esuka emjondolo eyongena emzini wakhe.

Ebonga uthe, "Besengineminyaka engu 8 ngihlala kulomjondolo ngingasathembi ukuthi liyofezeka iphupho lami lokuba ngumnini womuzi. Kodwa konke lokho kushabalele emuva kokutshelwa ukuthi mangiqoqe zonke izimpahla zami sengiyongena emzini wami. Ngithe ngisathuswe ilokho ngatshelwa ukuthi njengoba ngisuka la ngiya emzini wami, ngangena ngiphethe itayitela ngesandla okukhombisa ngokusobala ukuthi noma kungenzeka noma yini kumina kodwa indodakazi yami u Nozipho (29) uzoba nalo ikhaya futhi akekho umuntu oyomkhipha ethi umuzi wakhe".

**UNkk PEGGY NKONYENI**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUHLALISWA KWABANTU NEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**





Ethula inkulumo yakhe uNgqongqoshe Nkonyeni uqale ngokubongela umphakathi wathi,

"Ninenhlanhla engendele bani ngokuthi nithi ningena emizini yenu ningena niphethe namatayitela okungubufakazi bobunini bemizi yenu".

"Uqhube wanxusa nentsha ukuthi ayibuyele esikoleni iyofunda amakhono khona izokwazi ukubuya isebenzele umphakathi wayo".

UMnyango wezokuHlaliswa Kwabantu awugcinanga ngokuletha imiklamo yezindlu kodwa uthuthukise nentsha yakulendawo engasebenzi ngokubanika amakhono okubalwa kuwo ukwakha ngesitini (Bricklaying), ukuplastela (Plastering), ukufaka uphahla lwendlu (Roofing) kanye nemisebenzi yeplangwe (Carpentry).

Loluhlelo lungaphansi kwe Expanded Public Works Programme (EPWP). Intsha eqeqeshiwe ilinganiselwa ku 30.

# UNGQONGQOSHE UNKONYENI UVUSELELA UMKLAMO WEZIDLU WASEMZUMBE






**NONDUDUZO MAZIBUKO**

Ithemba lokuhlala ngokuphepha nokunethezeka livuseleliwe emphakathini owakhele amawadi 1, 2, 3 kanye no-4 ngaphansi kukaMasipala waseMzumbe.

Lingakapheli neviki engenile esikhundleni sokuba uNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu neMisebenzi yoMphakathi uNksz uNeliswa Peggy Nkonyeni usezibophezele ekutheni umklamo wezindlu zasendaweni yasemakhaya ezingu-1 000 waseMzube Cluster C rural project ogwini oluseNingizimu nesiFundazwe uqhubekele phambili.

Umklamo waseMzumbe Cluster C rural project wahlangebezana nezingqinamba ezaholela ekutheni kume ukwakhiwa kwezindlu ezidingeka kakhulu kulendawo okubalwa kuyo amawadi amane.

Ukuhoxiswa kukaSonkontileka owayengawenzi kahle umsebenzi kanye nokuqasha inkampani ebizwa ngeFezeka Business Services kugcizelela ukuthi uNgqongqoshe uNkonyeni ukukhathalele ukulethwa kwezidingo emphakathini njengoba ehola uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu ekubuseni okuyisikhawu sesithupha kukaHulumeni. "Sithanda ukuxolisa kakhulu ngokubambezeleka ukuba kuqedelwe umklamo wezindlu kulendawo siphinde sizibophezele ukuthi zonke izinkinga ebezikhona zezezindlu zizoxazululwa" kusho uNgqongqoshe uNkonyeni ngesikhathi ekhuluma nezinkumbi zezakhamizi ezaziphume ngobuningi bazo zizozibonela mathupha ukwethulwa kukasonkotileka omusha ozothatha izintambo ekwakheni izindlu endaweni yasoPhepheni eMzumbe.

Kwaba kuhle ukuthi njengoba iNingizimu Afrika ibungaza iNyanga Yentsha ngoNhlangulana ngaphansi kwesiqubulo esithi 25 Years of Democracy: A celebration of youth activism, uSonkontileka uNksz Gugu Ntobela wazibophezela ekucijeni intsha yasendaweni ngamakhono emkhakheni wezokwakha aphinde adale amathuba emisebenzi.



*UNgqongqoshe weZokuhlaliswa kwaBantu uNkosikazi Peggy Nkonyeni kanye nenhloko yomnyango uMnumzane Zungu kanye noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkk. uNonhlanhla Khoza*

# UNgqongqoshe uNkonyeni uthembise ugogo Nxumalo (89) indlu entsha

**MBULELO BALOYI NO SIYABONGA DUMA**

UHulumeni wesifundazwe onakekelayo uzwakalise okukhulu ukuthinteka ngesimo sika Gogo Khakho Nxumalo oneminyaka engu 89 ohlala endlini encane yodaka engekho esimeni esihle endaweni yase Bhukhanana ngaphansi kwamasipala wase Mhlathuze.

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi (Human Settlements and Public Works) uNkosikazi Neliswa Peggy Nkonyeni ehambisana nomama uNonhlanhla Khoza ongungqongqoshe womnyango wokuthuthukiswa komphakathi kanye nesekela lemeya wase Mhlathuze, uDudu Sibiya bavakashele ugogo Nxumalo beyomazisa ukuthi uhulumeni onakekelayo usizwile isikhalo sakhe futhi uyabona isimo aphila ngaphansi kwaso, bagcizelela ukuthi uzokwakhelwa indlu ngokushesha.

UNgqongqoshe uNkonyeni uphinde wagcizelela ukuthi inkontileka izofika maduze izoqala ukwakha indlu kagogo Nxumalo, " akukuhle neze ukuthi umuntu omdala kangaka ahlale endlini engekho esimweni esamukelekayo, siyabonga kakhulu kwisiteshi setelevishini (1KZNTV) esisakaze loludaba luka gogo oluthinte uHulumeni wesiFundazwe onakekelayo" kuchaza uNgqongqoshe uNkonyeni. Ukutshengisa uthando nokunakekela kukahulumeni akuphelelanga nje ekuthembiseni ukwakha indlu kepha kuvele nangokuthi ungqongqoshe uKhoza anikeze ugogo ukudla kanye nenduku yokudondolozela.

# UNGQONGQOSHE U-PILLAY UNXENXA ABATSHALIMALI UKUTHI BEZE E-KZN

SIBONELO MSOMI

**UMnu RAVI PILLAY**

**UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL**





UNGQONGQOSHE wezeziMali KwaZulu-Natal, uMnumzane Ravi Pillay unxenxe abatshalizimali bomhlaba ukuthi beze KwaZulu-Natal bazofukula umnotho. "Lesi siFundazwe sinokuthula, sinengqalasizinda efanele ukuthi kutshalwe kuso izimali kukhuliswe umnotho.

U-Pillay ubekhuluma kwisidlo sakusihlwa eThekwini amukela iNxusa lwaseNdiya, uMnumzane Jaideep Sarkar kanye noNkosikazi wakhe, uNkk. Minako Sarkar.

UNgqongqoshe, ubemele uNdunankulu wakwaZulu-Natal, uMnumzane Sihle Zikalala kulo mcimbi, ushayele izwe laseNdiya ngokuzibophezela ekutshaleni izimali kuleli. Izwe laseNdiya litshale imali eyevile ku$10-billion kanti zevile ku 150 izinkampane zakeleliya lizwe ezitshale imali eNingizimu Afrika zaqasha abantu abangaphezulu kuka 20 000.

UNgq. Pillay uthe igalelo lezwe laseNdiya liyabonakala futhi uhulumeni wakuleli uzimisele ukusebenzisana nalo njengoba lawa mazwe enobudlelwano obuhle. Uphinde washayela ihlombe izwe laseNdiya ngegalelo elalibamba emzabalazweni wokulwa nobandlululo eNingizimu Afrika.

Uncome amagalelo abalulekile ajikijelwa yizwe laseNdiya kanye nabantu balo wathi leli lizwe laba ngelinye lamazwe okuqala athatha udaba lobandlululo aya koludingida esithangamini seNhlangano yaMazwe omhlaba (i-United Nation) ukuze kukhululwe abantu baseNingizimu Afrika esandleni sengcindezelo. "Siyaziqhenya ukunamukela kulesi sifundazwe ngoba siyazi ukuthi izwe laseNdiya lingumngane omkhulu weNingizimu Afrika. "Izwe laseNdiya lazibandakanya nomzabalazo wenkululeko yethu ngesikhathi izimo zinzima. Lavula izandla lamukela uKhongolose ukuthi ube namahhovisi kulo laphinde laxhasa umzabalazo ngezindlela ezahlukene. "Emva kwenkululeko kube nokubambisana okukhulu kwezomnotho phakathi kwalawa mazwe kangangokuthi siyabona ukusebenzisana kwethu kudlondlobala. "Sikhuluma nje sekunezinkampani ezinkulu zase-India ezifana noTata, Mahindra, Vedanta kanye Motherson Sumi eziseNingizimu Afrika. Zitshale imali zavula namathuba emisebenzi - okuyinto esiyidingayo kuleli lizwe ukuze sikwazi ukulwa nobubha, ukwentuleka kwemisebenzi kanye nokungalingani," kusho uPillay.

Uphinde washayela ihlombe uNdunankulu wakuleliya lizwe, uMnuz. Narendra Modi, ngokuphinde akhethwe ukuhola uhulumeni kuleliya eNdiya.

Uthe lokhu kusho ukuthi abantu bakeleliya lizwe basakholelwa ebuholini bakhe. "Ukubuyela kwakhe kulesi sikhundla kusho ukuthi intandoyabantu isasebenza ezweni laseNdiya.

Abantu bakhona bayakholelwa ekutheni iqembu iBharatiya Janata Party (BJP) lisahamba ngomgudu ofanele wokuhlinzeka izidingo kubantu.

"Lokhu kuyinto efanayo nalapha eNingizimu Afrika ngoba abantu bakhona bakhombise ukumethemba ukhongolose ngokuthi bawunike elinye ithuba lokuthi uhlinzeke izidingo kubantu," kusho uPillay.

Ubekhuluma emphakathini okokuqala emva kokuthatha izintambo zokuba uNgqongqoshe wezeziMali eKZN.

Uqinisekise uMnumzane Sarkar ukuthi izimali zikahulumeni zisezandleni ezifanele futhi lo hulumeni uzimisele ukuvikela imali kahulumeni ulwe nenkohlakalo kuyo yonke indawo lapho ibonakala khona. UPillay uthe ukuthula nokuvuthwa kwezepolitiki kubantu bakuleli lizwe kwenza kube yindawo evundile yokuthi amazwe omhlaba atshale izimali.

# UMPHATHISWA UKAUNDA UCACISA NGOHLELO LWAMAVOLONTIYA OMNYANGO WEZOKUPHEPHA NOKUXHUMANA KOMPHAKATHI

SISANDA MDLADLA no NOMTHANDAZO MBESA

**UHLUBE** udlubu okhasini uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi uMxolisi Kaunda, emhlanganweni wokucacisa ngemigomo Kanye nokusebenza kohlelo lwe Social Crime Prevention Volunteers izolo (11 June 2019) eWiggins Community Hall, eMkhumbane, eThekwini.

Lolu hlelo lwamaVolontiya lulekelela amphoyisa ukunqanda nokulwisana nobugebengu. uMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi wasungula lolu hlelo ngenhloso yokuqhamuka namasu amasha okunciphisa amazinga obugebengu emphakathini yesiFundazwe.

UMphathiswa uKaunda ubize lomhlangano ngenhloso yokuqeda ukuqagula obekukhona kwiningi lwamavolontiya ngekusasa lwawo kuloluhlelo loMnyango. Bekusabalele imibiko eminingi ebisiholele ekutheni abaningi abayingxenye yaloluhlelo bangenwe yitwetwe ngokuphelelwa yiphalishi. UKaunda utuse ukuzinikela, ukuzikhandla nokubanesibindi kwalamavolontiya asebenza ngaphansi kwezimo eziyingozi. "Ngiyazi ukuthi mihla yonke nibhekana nengcindezi engakanani emsebenzini wenu wokuqeda ubugebengu. Abanye benu sebephenduke izitha emphakathini eniyakhele, abanye babizwa ngezimpimpi. Kodwa nginethulela isigqoko ngokuba nesibindi nokuzinikela kulombhidlango wokugqugquzela ukuPhepha komphakathi", kugcizelela uMphathiswa.

UKaunda uqhubeke wachaza kabanzi ngemigomo elawula ukuqashwa nokusebenza kwalamavoloyontiya ngaphansi komkhankaso kaHulumeni i-Expanded Public Works programme (EPWP). UMphathiswa ukubeke kwacaca ukuthi ngaphansi kwaloMkhankaso we-EPWP, umuntu oyingxenye yawo ubekelwa iminyaka emibili engaphansi koMnyango futhi ehlomula imali esuke inqunyiwe futhi kwavunyelwana ngayo.

UMphathiswa uphinde wacacisa ngezinhlelo zoMnyango wokusebenzisana nenkampani yonogada ukuthi ilekelele labo asekudlule iminyaka emibili yomgomo ngokubajwija ngamakhono namava okusebenza embonini yezonogada.

"Sesinesivumelwano nesikhondlakhondla senkampani yonogada ukuthi izothatha amavolontiya angama 720 ukuthi baqeqeshwe isikhathi sonyaka ngenhloso yokuthi uma sebephothulile ukuqeqeshwa bazotholelwa umsebenzi,"kusho uKaunda. Kuphinde kwabikwa ukuthi lolu hlelo lokuqeqesha lulindeleke ukuthi luqale ngoJuly nonyaka. Labo angazimisele ukuzibandakanya nalolu hlelo bazovunyelwa baqhubeke babengamavolontiya kuze kube wuMarch 2020. Ngaleso sikhathi bayobe sebededelwa ukuze uMnyango uvulele abanye amathuba. UKaunda unxuse inhloko yoMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi uCrosby Mavundla ukuthi amethulele umbiko ngohlelo loMnyango ukuqhuba loluhlelo lwamavolontiya kuze kufike kuMarch 2020. Ngokusho kuka Xoliswa Diko ongumqondisi wakwa Intergovernmental Relations and special Projects (IGR) loluhlelo ludinga isamba sika R48 million ukuze luqhubeke. UMnyango wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi uthola isabelo mali esincane kunayo yonke iminyango kaHulumeni wase KZN okungu R235 million.






# UKUTHUTHUKISWA KWABALIMI ABASAFUFUSA KUZOBA SEQHULWINI LWEZINHLELO ZIKANGQONGQOSHE WEZOLIMO

**SIMPHIWE NDWANDWE**

## UNkk BONGI SITHOLE-MOLOI

**UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL**



UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uNkk Bongi Sithole-Moloi, osanda kwethulwa njengomphathiswa omusha kulo mnyango, umemezele ukuthi uzogxila ekuthuthukiseni abalimi abasafufusa nabalimela ukuzondla nemindeni yabo aphinde abasize ukuthi bakhule baze bafike eqophelweni lokuhweba ngemikhiqizo yabo. Uthe laba balimi bazonikezwa usizo lwezabeluleki kanye nabalimisi kuphinde kuthuthukiswe ingqalasizinda, banikwe izinsiza-kulima kuhlanganisa nolwazi lwezomnotho nezimakethe. Ngemuva kokuqinisekisa ukuthi lokhu kuyenzeka uthe uMnyango uzophinde ugxile ekudaleni amathuba emisebenzi kanye nokwandisa umkhiqizo wezolimo emnothweni wesiFundazwe.

Lokhu ukusho ngesikhathi enokhukhulela-ngoqo womhlangano neziphathimandla zoMnyango ebezivela eziFundeni ezehlukeneyo zalesi siFundazwe obuseNhloko-Hhovisi yalo Mnyango eCedara ngesonto eledlule. Enkulumweni yakhe uqhakambise isidingo sokuba ezolimo zidibaniswe nentuthuko yemiphakathi yasemakhaya ukuze kubhekwane nezingqinamba ezilethwa ububha, ukweswela kwamathuba emisebenzi kanye nokungalingani. Umhlonishwa uNkk Sithole-Moloi uthe lo Mnyango ubhekwe ngamehlo abomvu ukuthi kube yiwo onamandla okufukula isiFundazwe usikhiphe ebubheni ngokuthi uqinisekise ukuba khona kokudla okwanele ukondla abantu bakuso sonke isiFundazwe saKwaZulu-Natali. Kulo mhlangano abenawo nezikhulu zoMnyango ziningi izinto ezethuliwe kuNgqongqoshe ngenhloso yokuba ahlonyiswe ngolwazi aludingayo ukuze uholo lwakhe lube yimpumelelo. Uthe maduze uzoba nomhlangano wokuklama umhlahlandlela uMnyango ozosebenzela phezu kwawo bese kubhekwa ukuthi izinkampani ezingaphansi koMnyango, zingenziwa kanjani ukuthi zihambisane nombono wakhe ngalo Mnyango.

Lezi zinkampani yi-Agribusiness Development Agency (ADA) noMjindi Farming. Imininingwane eminingi uthe uzoyenekela isizwe uma esethula inkulumo yakhe yokuqala yesabelozimali lapho ezobe esephakela izinhlelo eziwumgogodla imali ukuze zisebenze ngendlela eshelelelayo.

Utshele iziphathimandla ukuthi enye yezinhloso zakhe ukubona izinhlelo zonke zoMnyango zineqhaza lazo emiphakathini yasemakhaya ngisho nasezindaweni ezisondelene namadolobha nasemalokishini.

Uthe ezolimo kumele zithinte bonke abantu, zingahambi isikhekhelembana nje. Uthe ukusebenza kwakhe kuzohambisana nezinhloso zikaHulumeni kazwelonke njengalokhu uMengameli Cyril Ramaphosa, ngesikhathi ethula inkulumo ayeyibhekise esizweni ngasekuqaleni konyaka, wakusho kwagcwala umlomo ukuthi ufuna ezolimo zibe phambili ekuthuthukisweni komnotho wathi naye uzohamba lapho kusho khona umhlonishwa uMengameli.

Uphinde wacaphuna inkulumo eyenziwa ngowayenguMengameli wokuqala kuHulumeni weNtando yabantu, uMnuz Nelson Mandela, athe wathi inhlupheko yaba khona ngenxa yesandla somuntu futhi uma kumele iphele kuyoba yiso futhi isandla somuntu esiyoyiqeda nya.

Ube eseyala izikhulu zoMnyango ngokuthi kulo Mnyango ulethelwe ukusebenza qha ngakho-ke ufuna umsebenzi uhambe phambili kukho konke ukuxhumana azoba nakho phakathi kwakhe nazo. Okunye okungale kwalokho, okungawusizi ngalutho uMnyango nomphakathi, uthe uyaxolisa ngeke aze akwazi ukukwemukela ngoba uma enza kanjalo angagcina esehubha utalagu, uMnyango wehluleke.

Okunye akugqamisile ukuthi umkhakha wezolimo awugcini nje kuphela ngokulima indima enkulu nje kuphela ekudlondlobaliseni umnotho kepha ubalulekile futhi ekwakhiweni kwemindeni KwaZulu-Natali. Uthe umndeni owondlekile uhlala unenjabulo futhi uba neqhaza elihle emphakathini nasenhlalweni yomphakathi kuba nokuthula.

UNkk Sithole-Moloi ubonge kakhulu uNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa uSihle Zikalala ngokumethemba ngalo Mnyango wathi ukuqokwa kwakhe kufana nokuwina kwabantu besifazane basezindaweni zasemakhaya. Uthe igalelo labesifazane basezindaweni zasemakhaya uzoligqamisa kakhulu futhi ufuna bazigqaje baphinde bathuthuke ngempela kwezomnotho ngenxa yokuzikhandla kwabo.

Emhlabeni wonke lingu-43% inani labantu besifazane basemakhaya eliyibambe ishisa emkhakheni wezolimo. Uthe yibo-ke laba bantu besifazane abalimayo, batshale izimbewu ezondla izizwe. Ngaleyo ndlela uthe akufanele neze ukuthi abantu besifazane bashaywe indiva. Lokhu uthe kubi kakhulu emkhakheni ozimele njengalokhu isibalo sabo siphansi uma kuqhathaniswa nabesilisa yize emazingeni okulimela ukuzondla kuyibo abesifazane abaningi, wathi lokhu kuchaza ngokusobala ukuthi uma sekukhona ibhodwe eliconsayo babuyiselwa eceleni. Uthe lokhu ngeke kwenzeke phambi kwamehlo akhe. "Lokhu akwemukelekile. Abesifazane kumele bahlomule emnothweni bakhule baze babe izikhondlakhondla zalo mkhakha ngoba nabo bayakwazi ukuba ngabaholi abanohlonze ezindabeni ezithinta ezolimo," kusho uNkk Sithole-Moloi.

Okunye okusemqoka athe uzokwenza ukusebenzisana okuseduze nobuholi bomdabu, ikakhulukazi iNdlunkulu kaZulu neSilo Samabandla njengalokhu ethe uyazi ukuthi umkhakha wezolimo usondele kakhulu enhliziyweni yeMbube. Uthe ukuthuthukiswa kwabantu basezindaweni zasemakhaya kuhlanganisa izinduna namaKhosi ngakho kufanele babe yingxenye yokusebenza koMnyango, kuhlanganisa noMasipala bezindawo. Njengalokhu uMengameli Ramaphosa amemezela ukuhlanganiswa kweminyango, uNkk Sithole-Moloi, uthe usekulungele ukukapakela ngisho nasemapulazini abuyiselwe kubantu ukuze awavuse asebenze lawo elele imbuya kanti asebenzayo uthe uzoqinisekisa ukuthi awafadalali.

Ugcizelele ukuthi uzosebenza nazo zonke izinhlaka ezithintekayo emkhakheni wezolimo kuhlanganisa izinhlangano zomkhiqizo, abalimi abazimele, izinhlangano zabafuyi nentsha. Esephetha, uhlabe ikhwelo walibhekisa kubo bonke abasebenzi boMnyango ebanxusa ukuthi babambisane naye wabethembisa ukuthi uzokwenza konke okusemandleni ukuxazulula izinkinga ababhekene nazo ukuze babe ngabasebenzi abafudumele, bazizwe bebalulekile futhi bevikelekile ngaphansi kweso lakhe.

# UNGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOLIMO WEXWAYISA UMPHAKATHI NGESIFO ESIBULALA IMFUYO

**SIMPHIWE NDWANDWE**

**UMNYANGO** wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya oholwa uMhlonishwa uBongi Sithole-Moloi wexwayisa umphakathi waKwaZulu-Natali ngokubheduka kwesifo esibulala imfuyo esibizwa ngokuthi yi-anthrax, esidlange eLesotho.

Lesi sifo siqale ukubikwa ukuthi sibhokile ezweni laseLesotho ngenyanga edlule kanti zonke iziFundazwe zibe sezenza amalungiselelo okubhekana naso ukuze singakapakeli emfuyweni engaphansi kwazo.

UNgqongqoshe woMnyango, uNkk Sithole-Moloi, ukhiphe isexwayiso ngalesi sifo njengalokhu siyingozi kubantu nasezilwaneni. Izilwane eziphethwe yilesi sifo sihlaselwa ukopha igazi kuzo zonke izindawo ezivulekile emzimbeni njengasemlonyeni, emakhaleni nangemuva. Lesi yisifo singadala ukufa ezilwaneni ngisho nakubantu imbala uma kube khona ukuthintana nanoma yini esuleleke ngaso. Ukudla inyama yesilwane esibulawe yilesi sifo akuvumelekile nhlobo ngoba lowo oyidlayo angagula abangwe nezibi esehaqwe yilesi sifo.

UMhlonishwa uNkk Sithole-Moloi uthe nakuba uMnyango usuvele uthathe amagxathu asemqoka ekuvikeleni ukuthi i-anthrax ingasabalali kulesi siFundazwe kodwa nemiphakathi kumele iqaphe ngelokhozi, ikakhulukazi labo abanokuxhumana nezwe laseLesotho lapho sibikwe khona. Okusemqoka athe izakhamizi kufanele zikuqonde ngalesi sifo ukuthi asithathelwana emoyeni njengomkhuhlane noma isifo samakhaza. Imfuyo ingenwa yilesi sifo uma ihogela izintuli eziba sotshanini obunesifo lapho idla noma idla izimila okanye iphuza amanzi analesi lesi. Izilwane ezingenwa kakhulu yilesi sifo yizinkomo, izimvu, izimbuzi, izinyamazane nezinye izilwane zasesiqiwini ezincane futhi ezinezinselo. UMnyango wezolimo eKZN uthathe isinyathelo sokugoma izinkomo nenye imfuyo njalo ngonyaka. Ngonyaka wezimali ka-2018/2019 ibalelwa ngaphezulu kuka-300 000 imfuyo egonyiwe ukuze ivikeleke esifweni. Ngenxa yalo msebenzi, uNkk Sithole-Moloi, uthe imihlambi yemfuyo kulesi siFundazwe iyakwazi ukugomeleka ukuthi ingangenwa yi-anthrax.

Uthe njengamanje kunemali engaphezulu kwezigizi ezintathu ezosetshenziswa nonyaka ukubhekana nomsebenzi wokugoma yonke imfuyo. Esikhathini esingaphambili okuke kwaqubuka ngaso lesi sifo iKwaZulu-Natali ayikaze ichaphazeleke.



*Imfuyo engagonyiwe isengcupheni yokuphathwa yisifo esibulalayo I-anthrax esisabalele kakhulu e-Lesotho*

Umhlonishwa uthe kunamapheshana aqwashisa nge-anthrax asatshalaliswa ezinhlanganweni zabafuyi, kubalimi nasemiphakathini esiFundazweni sonkana. "Ngicela imiphakathi iwuhlabe iwulawule ngalesi sifo. Abafuyi bakithi abaphuthume bathole umgomo ukuze impahla yabo ivikeleke. Okunye okubalulekile engikucelayo ukuthi abantu bakithi bathenge inyama emadeleni abhalisiwe ukuze baqiniseke ukuthi inyama abayidlalo iphephile," kusho uNkk Bongi Sithole-Moloi.Uthe imingcele yonke esondelene nezwe elithintekayo iqashwe ngeso lokhozi.

# AMAZWI KAMPHATHISWA UKAUNDA

## UMnu MXOLISI KAUNDA

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



Ngifisa ukudlulisa ukubonga inhlangano yami i-African National Congress (ANC) ngokuphinda inginike ithuba lokuba ngisebenzele abantu abantu baKwaZulu-Natal neNingizimu Afrika njengoMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. Lona ngumsebenzi engingawuthathi neze kancane futhi engizimisele ukuwenza ngamandla ami aphindiwe. Ngifisa nokubonga ukwesekelwa engikuthole kobenguNdunankulu uMnu Willies Mchunu kuleli hlandla eledlule likahulumeni. Ngizothatha lokho okube yizifundo ngiqinisekise ukuthi umsebenzi wethu uyaqhubeka kuyo yomibili iminyango ngaphansi kobuholi bukaNdunankulu wethu omusha uMnu Sihle Zikalala, naye osehlabe ikhwela egcizelela ukuthi abantu bakithi ngempela abasadingi ukukhuluma okuningi kodwa bafuna ukubona izinto zenzeka.

Ngiyathemba ngizoqhubeka nokuthola izeluleko kulabo abakhethelwe ukuba semakomitini elezokuThutha nelezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi esiShayamthetho. Ukuqhubeka nokusebenza kahle komnyango kuzoncika futhi ekwesekweni nokusebenzisana okuhle phakathi komnyango nezinhlaka esisebenzisana nazo. Siyaqhubeka nokuxhumana nezinhlaka zonke mayelana nezinhlelo zokuyisa phambili ingqalasizinda nokwenza ngcono ukuphepha emiphakathini yethu kule minyaka emihlanu ezayo. Ngizophinda futhi ngithembele kakhulu emagalelweni ezikhulu nabasebenzi bonke beminyango yomibili ukuqinisekisa ukuthi ngiyakwazi ukufezekisa lokho engikuthunywe yinhlangano ebusayo.

Kuleli hlandla likaHulumeni asigudluki emgomweni wethu wokufezekisa uguquko lwezomnotho, iRadical Economic Transformation.

Uguquko ngokwethu luhlanganisa ukuguqulwa kwendlela yokucabanga kwezisebenzi zomphakathi kodwa futhi nokucabanga kwawo umphakathi uqobo.

Kumele kube noguquko endleleni umnyango owaba ngayo izimali ihambisane nesibalo sabantu ngokwendawo abakuyona futhi kuhlomule labo ababencishwe amathuba phambilini.

Okusemqoka kakhulu, uguquko kwezomnotho kumele lubonakale ngokwakhiwa kwamathuba amaningi kwezomnotho ngenhloso yokubhekana nezinselelo zokwentuleka kwemisebenzi, ububha nokungalingani emphakathini wethu.

Sengathi sonke singafingqa imikhono sisebenzele ukwakha iKwaZulu-Natal engcono.



*UMnu Mxolisi Kaunda uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal*

# UKaunda ucaba indlela yehlandla leminyaka emihlanu

**SIBONGISENI THABETHE**

Ukubuyela kukaMnu Mxolisi Kaunda njengoMphathiswa wezokuThutha ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sekwemukelwe ngenjabulo yizinhlaka eziningi ezisebenzisana nomnyango, kuhlanganisa nemiphakathi okunezibophezelo uKaunda abezenzile kuyona ngaphambi kokhetho lukaMay.

Selokhu eqalile uKaunda kuleli hlandla uyaqhubeka nokuya emiphakathini ukuqedela lokho okuphele ihlandla eledlule kungaphothuliwe. Abafundi baseNkombose High School eMutubatuba nje basanda kuba yingxenye yezinhlelo zokuhambela kukaMphathiswa lapho edlulisele amabhayisekili angu-50 ukuze bahambe ngawo ukuya nokubuya esikoleni. Kodwa okunye okusemqoka uKaunda akudlulisayo ezithangamini aba yingxenye yazo ngukuthi kuleli hlandla uzoqinisekisa ukuthi uMnyango uphuthumissa uguquko kwezomnotho, uqede ubugebengu nenkohlakalo bese wenza ngcono indlela yokulethwa kwezidingo emphakathini. "Lo hulumeni waleli hlandla yiwona ozohlanganisa amashumi amathathu eminyaka yentando yabantu, okusho ukuthi kuzoba nezinto ezehlukile impela njengoba abantu bebukeka sebekhathele ukulinda. Abantu manje abasafuni lutho ngaphandle kokubona izinto zenzeka. "Kumele sakhe izinhlelo ezikwaziyo ukuphendula kulokho okuyizifiso nezidingo zabantu bakithi. Ngempela kumele siphuthumise izinguquko ezinhlelweni zokuthenga (procurement) ukuze sibhekelele imiphakathi eyayincishwe amathuba phambilini nayo igcine ibamba iqhaza ngokugcwele emnothweni emazingeni aphezulu.

"Uhlelo lokuphuthumisa uguquko kwezomnotho (Radical Socio-economic Transformation) kumele luqhubeke nokuba yisisekelo sazo zonke izinhlelo zethu," kusho uKaunda. UKaunda uthe sekuyisikhathi sokuthi izikhulu zomnyango zibhekane nemiphumela yokwehluleka ukulandela imigomo ebekiwe, iPublic Service Regulations neTreasury Regulations, okugcina kuholele ekutheni umnyango uthole umbiko onogcobho kumcwaningi mabhuku. UMphathiswa ugcizelele nokuthi izizinda zokusiza umphakathi kumele zibe yizizinda zolwazi nokuthuthuka ukuze zizobuyisa ukwethembeka kwezikhungo nezisebenzi zikahulumeni emiphakathini eziyisebenzelayo. "Sidinga ukuguqula izizinda zokusiza umphakathi zibe njengekhaya kubantu bakithi. Kumele siqhamuke nezindlela ezintsha ezizosiza ukwehlisa isikhathi esichithwa ngabantu uma bezofuna usizo. Asidingi ukuqhubeka nokubona olayini abade lapho kwesinye isikhathi abantu bephindela emakhaya bengasalutholanga usizo abaludingayo," kusho uKaunda.



*UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ngenkathi ehambele esikoleni iNkombose High School eMtubatuba eyonikela ngamabhayisekili muva nje.*

Together celebrating democracy:

Renewal and growth for a better South Africa



KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

SEND ME TO BUILD THE MZANSI I WANT

2030 NDP

Mr Sihle Zikalala
PREMIER OF KWAZULU-NATAL

# UMNYANGO WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI UHLOMULISE IZISULU ZEZIKHUKHULA

SIMPHIWE MKHIZE

**UNkk NONHLANHLA KHOZA**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Nonhlanhla Khoza, ududuze imindeni eyizisulu zezikhukhula ezathatha imiphefumulo yabantu abangama 72 kulesiFundazwe ngokudlulisa usizo lukaHulumeni ka Zwelonke ngesandla saloMnyango.

Edlulisa imali engaphezulu kuka R1 400 00 kulemindeni eqhamuka ezindaweni ezahlukahlukene emcimbini obuse Marianridge Community Hall, e-Marianhill, uNkosikazi Khoza uthe umndeni ngamunye wabelwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni lika Zwelonke ngesamba esingango R20 000 umunye.

UNkosikazi Khoza unxenxe abathole loluxhaso ukuba basebenzise lemali ukuvuselela kabusha izimpilo zabo bangayimosi futhi bangaxabani bodwa emakhaya ngenxa yayo.

Uthe: "Siyawubonga uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni lika Zwelonke ngalolusizo olubaluleke kangaka oluzothinta izimpilo zabantu abasesimweni esinjengalesi."

UNgqongqoshe ukhulume nemindeni eyahlukumezeka kakhulu emva kwezikhukhula zange nyanga ka April 2019 ezadlula nemiphefumulo eminingi, zabhidliza imizi kanye nempahla ezindaweni ezifana neziFundeni ezifana ne-King Cetshwayo, eThekwini Metro,



Ugu, Umzinyathi, Umgungundlovu, i-Harry Gwala, Umkhanyakude, i-Zululand, kanye ne-Eastern Cape, lapho kwathinteka kabi izimpilo zabantu abahlala emizini yemixhaso kaHulumeni, ikomazakhela kanye nemizi kanokusho.

Abaningi abashona kulezikhukhula kwakuwabantu bakuleli, kodwa umibiko kaHulumeni uyakuveza ukuthi bakhona nabantu abaqhamuka emazweni anjengo Mozambique, Malawi kanye nase Tanzania ababa yizisulu zezikhula kulesiFundazwe.

Ngokombiko kaHulumeni, yaba ngama 912 imizi eyathinteka eThekwini, yaba ngu 1 715 esiFundeni Ugu, kanti izindawo zokusiza izisulu zezikhukhula zaba ngama 11, kwathi abantu abathola usizo ezindaweni zokucashisa ikhanda baba ngu 1 414, kanti kubona kwakukhona izingane ezingangama 467 kanye nabantu abadala abangangama 947.

Lombiko uthi izimpilo zabantu zanyomfeka njengoba abaningi balahlekelwa omazisi, izitifiketi zokuzalwa nezomshado kanye nokunye okubalulekile.

Izingane zesikole zazithola zingakwazi ukuya esikoleni kanti lezikhukhula zenza umonakalo emiqondweni nasemiphefumulweni yabantu ababa izisulu njengoba babebuka okwakwenzeka ezimpilweni zabo ngokuphazima kweso kanye nokuhanjelwa izihlobo nabangani.

UMongameli weZwe, uMnumzane Cyril Ramaphosa naye wazifikela mathupha ukuzozwelana nezisulu zezikhukhula ehambisana nobuholi besiFundazwe saKwaZulu-Natali obabumelwe uNdunankulu uMnumzane Sihle Zikalala.

Ngaphandle kosizo lwemali, uHulumeni kaRamaphosa uphinde wajuba uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuba ulekelele lemindeni ngezindlela ezahlukene ukuze ikwazi ukuqala kabusha izimpilo zayo futhi ithole izidingo eziphuthumayo ukuze ikwazi ukubhekana nempilo, njengezingubo zokulala, omatilasi, amathawula abesimame nezingane, ukudla kanye nokuqhubeka nokuthola uxhaso lukaHulumeni kulabo abahlomulayo eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi ophethe uSASSA.

Izinhlangano ezizimele zaba nesandla esikhulu kulesisimo.

# UNgqongqoshe uKhoza uhloniphe usuku lwezingane eMtubatuba

NDLELANHLE BIYELA

UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Nonhlanhla Khoza, uthe njengomphathiswa omusha kuloMnyango kumjabulise kakhulu ukuba yingxenye yosuku olugujwa umhlaba wonke olwaziwa nge International Children's Day emcimbini obuse Mtubatuba muva nje.

UNkosikazi Khoza ubonge ubuholi bendabuko kanye nobezepolitiki obuvumele uMnyango wakhe ukuba uqhubeke nalomcimbi nakuba lendawo abekuyona yaseMpukunyoni kwaNkombose ivelelwe umshopho wokuba kuwe isihlahla esikhulu njengoba kusanda kukhothama inkosi yendawo.

Uthe isiqubulo salomcimbi esithi: 'Asivikele abantwana - siyisa iNingizimu Afrika phambili,' sikhombisa ukubaluleka kwabantwana emhlabeni wonke jikelele.

UNkosikazi Khoza uchaze kanje: "Lolusuku luqhakambisa ukuvikeleka kwabantwana. Okubalulekile ukuthi kufanele izingane ziphephe futhi zivikeleke.

Ngiyakholwa ukuthi noma imuphi umzali ufisa izingane zakhe zikhule ngendlela eyiyo."

Uthe kumhlabe umxhwele ukuhambela inkulisa yakulendawo eyaziwa nge Gugulethu Early Childhood Development Centre (ECD). "Njengoba ngilana namuhla ngifisa ukugqugquzela umphakathi ukuba uzimbandakanye nemizamo yokukhulisa nokunakekelwa kwabantwana. Ukugubha lolusuku



kwaqala ngonyaka ka 1997.

Lona unyaka wama 22 kugujwa lolusuku emhlabeni wonkana kusukela ngomhlaka 2 kuya ku 9 ku June 2019. Siyabonga ukuthi lolusuku luhambisana nelokubungaza abantu besifazane ezingeni lomhlaba lona oluba ngo June 1," kusho uNgqongqoshe Khoza. Uthe kubalulekile ukuthi umntwana abe nempilo enhle, angahlukumezwa ekhaya, futhi angabulawa ngenxa yokungezwani kwabazali bejezisasana ngokusebenzisa ingane njengoba abanye baze bazibulale ngesihluku.

Uphinde wakhuza isihlava somhlola wokudlwengulwa kwezingwane emiphakathini.

Uthe: "UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi wakha izinkulisa nje ukuze abantwana baphephe ngenkathi abazali babo besemsebenzini."

Oka Khoza utuse uMnyango wakhe ngokuba yizwi lezingane, washo futhi ukuthi loku kwenza ibe mining imiphakathi ekwaziyo ukunakekela izingane.

Uthe lelizwe linomthetho owaziwa nge Children's Act olawula ukuthi umntwana kumele aphathwe kanjani, futhi uyalwisana nokuthi abantwana bazithole beyizisulu zobugebengu.

Uthe: "Asiyeke ukuthuma izingane utshwala ngoba zigcina ziphuza iziceke zamabhodlela otshwala ngoba zicabanga ukuthi lento eyenziwa abantu abadala yinhle, nazo zigcine sezicwila ezinkambeni. "Asingababeki abantwana ezimweni lapho izimpilo zabo zingaba sengozini.

Asikhumbule ukuthi yibona abayabaholi bakusasa. Asiqikelele ukuthi bayavikeleka ekubeni izisulu zokuhlukunyezwa ngokocansi, ukudayiswa, kanye nokufakwa emsebenzini wokudayisa ngomzimba besebancane," kuchaza uNkosikazi Khoza.

Uthe uMnyango wakhe unosonhlalakahle kuzozonke iziFunda okumele basetshenziswe ukwenza isiqinisekiso sokuthi izimpilo zabantu ziba ngcono.

"Siyazi ukuthi kunamakhaya anezingane eziyizintandane ezihlala zodwa. Siyawunxenxa umphakathi ukuthi ungazihlukumezi lezingane. Kufanele sizisekele lezizingane. Ingane iyingane yomphakathi wonkana," kusho uNgqongqoshe Khoza.

> "Asiyeke ukuthuma izingane utshwala ngoba zigcina ziphuza iziceke zamabhodlela otshwala....

# UMPHATHISWA WEZEMPILO UHLABEKE UMXHWELE NGOKUHLANZEKA KOMTHOLAMPILO WASENGWELEZANE

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uNkk Nomagugu Simelane-Zulu useshayele ihlombe abaphathi kanye nabasebenzi basemtholampilo waseNgwelezane ngokusebenza ngokuzimisela - ngisho kungekho muntu obabhekile.

Ngesikhathi ehambele kulomtholampilo engamemezelanga uNkk Simelane-Zulu uzwakalise ukugculiseka ngakuficile, kusukela kwinhlanzeko emagcekeni kanye nasemagunjini okuxilongwa kuwo iziguli, kanye nokuhleleka kwendawo okulindela kuyo iziguli.

Bekungokwesine uMphathiswa ehambela isikhungo sezempilo ngaphambi kokumemezela kusukela ebekwe kulesi sikhundla emasontweni amabili edlule, futhi uphinde wazwakalisa ukuthi usazoqhubeka nokwenza lokhu.

**UNkk NOMAGUGU SIMELANE-ZULU**

**UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL**





*UMphathiswa uNkk Simelane-Zulu, Ms Sanele Mthiyane (of Ngwelezane Clinic), no Dr Bright Madlala (CEO of Ngwelezane *Hospital*), noDr Musa Gumede (acting HOD) no Cllr Madl'izinyoka Ntanzi (green jacket). Photo credit: Themba Mngomezulu/KZN Department of Health*

"Inhloso yethu wukuvakashela izikhungo ezahlukahlukene esifundazweni, ukuze sibone ukuthi zisebenza kanjani.

Asizange sithole izikhalo ngoMtholampilo, kodwa ukuzobheka nje ukuthi abantu basebenza kanjani kungekho obabhekile," kushaza uNgqongqoshe.

"Lesi sikhungo sezeMpilo singomunye wemitholampilo esebenza amahora angu-24, izinsuku eziyisikhombisa.

Ngakho besifuna ukubona ukuthi basebenza kanjani njengoba kungekho phakathi nezinsuku.

Uma sikhuluma nje jikelele, usizo oluhlinzekwa phakathi nezinsuku kuyenzeka lungafani nolutholakala ngezimpelasonto.

Nakuba ubona ukuthi isakhiwo sidala, kodwa usizo lwezeMpilo lusesimeni futhi lwamukelekile. Isikhungo sihlanzekile, futhi banesibalo esanele sabahlengikazi abakwaziyo ukuthi bahlinzeke umphakathi ngosizo lwezeMpilo.

"Zikhona izinselelo ezikhona njengendlu yangasese engibasebenzi (esilungisiwe), kodwa-ke sijabule impela ukuthi isikhungo sisebenza kahle. Siphinde saziswa ukuthi ukungena kanye nokuphuma esikhungweni kunzima ngenxa yokuthi siphakathi nedolobha, kubhizi, nezimoto ezehla zenyuka, nokuyinto okumele siyikhulume nomasipala wendawo."

UNgqongqoshe uSimelane-Zulu uphinde wakugcizelela ukuthi uMnyango ubheka izindlela zokuthuthukisa ukusebenza kwama-ambulensi ukuze asheshe afike endaweni yesehlakalo esifundazweni sonke.

"Lomtholampilo udlulisela iziguli esibhedlela saseNgwelezane kanye nesibhedlela i-Queen Nandi. Sitsheliwe ukuthi kunezinselelo mayelana nokugqoza kwama-ambulensi uma ebiziwe, nokuyinto engiyizwayo nakwezinye izikhungo esesike sazihambela.

Kuzoba nomhlangano nabaphathi bezimo eziphuthumayo ukubhekana nalokho." UKhansela Madl'izinyoka Ntanzi waku ward 28 eNgwelezane ukwamukele ukuvakasha kukaNgqongqoshe engamemezelanga, wabe esethi uyethemba ukuthi uzobhekana nezinselelo zasemtholampilo nakwezinye izindawo esiFundazweni.

Njengengxenye yomkhankaso wokuthuthukisa izinga lezempilo ukuze kugculiseke iziguli, uMnyango wezeMpilo uzibophezele ukwandisa isibalo semitholampilo ehambisana nezinga elibekwe ngaphansi kohlelo lwe i-Ideal Clinic Realisation and Maintenance programme.

Lolu hlelo olokuphucula lwenze ngcono izinsiza ezihlinzekwa ezigulini ukuze izikhungo zezempilo zihambisane nezinga le-National Health Insurance.

Sikhulama nje izikhungo zezeMpilo zihlolwa offiice Health Standards Compliance (OHSC).

I-Ideal Clinic wuMtholampilo isakhiwo sawo esisesimeni esifanele, esinemithi eyanele, abasebenzi abanele, indlela okubhaliswa ngayo ehlelekile kanye nokunye okuhlinzekwayo ngendlela egculisayo, ukubala nje okumbalwa.


health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

UMZABALAZO WEZEMPILO MAWUQHUBEKE





NKK NOMAGUGU SIMELANE-ZULU
UNGQONGQOSHE WEZEMPILO

INyanga yeNtsha isinika ithuba lokuhlonipha intsha yango 1976 eyalwa noHulumeni wobandlululo kanye ne-Bantu Education eminyakeni ewu-43 eyedlule, nabanye babo abagcina ngokusala enkundleni. Impi ehlukile ebhekene nabantu abasha manje yinselelo yokulwa nezifo.

Abantu abasha babhekene nenselelo yokunqanda ukubhebhetheka kwesandulela ngculazi kanye nengculazi, izidakamizwa, uphuzo oludakayo, ukukhulelwa kwabantu abasha, ukuchithwa kwezisu okungekho emthethweni; ukukhahlanyezwa wudlame kanye nezingozi zongwaqo. Ngokombiko wakwa Statistics SA u-43.2 % wabantu abasha besilisa bashona ngenxa yokulinyazwa noma ezingozini zemoto, kanti iningi labantu besifazane lona litheleleka ngezifo ezifana nesandulela ngculazi nengculazi (HIV/AIDS) kanye nesifo sofuba (TB).

Ngaphezu kwalokho, iningi labantu abasha alikhonzile ukuzivocavoca, kanti lokhu kuholela ekutheni lihlaselwe kalula yizifo ezifana nokukhuluphala ngokweqile, isifo sikashukela kanye nesifo somfutho wegazi, ukubala nje ezimbalwa.

Uma abantu abasha bengayishintsha indlela abaphila ngayo namuhla, ungehla kakhulu umthwalo wezifo, kongeke nemali kanye nezinye izinsiza. Usengalwenza ushintsho empilweni yakho.

SiwuMnyango wezeMpilo ngokubambisana nabo bonke abantu baKwaZulu-Natali sifisa ukuqinisekisa abantu abasha ukuthi sikhona ukubahlinzeka ngosizo lwezeMpilo.

Sinezinsiza zezeMpilo ezahlukene ezihlanganisa ukuhlela umndeni, ukwelulekwa ngokomqondo (counselling), kanti sinalo nosizo lokuchitha isisu uma owesimame ekhulelwe umntwana angamudingi, futhi engafisi ukunikela ngaye ngokomthetho. Lokhu kuyilungelo elishicilelwe kuMthethosisekelo wezwe.

Umyalezo esiwubhekise kubantu abasha owokuthi ukuphuza ngokweqile kanye nokusebenzisa izidakamizwa akubalungele, futhi kwandisa amathuba okwenza ucansi olungavikelekile, nokungenza umuntu athole izifo zocansi okuhlanganisa i-HIV. Ukudungeka komqondo ngenxa yotshwala kwenza ugcine usuthatha nezinqumo ezingaphusile uma ushayela, nokungaholela emiphumeleni engemihle.

Uphuzo oludakayo lungaphinde lukubeke engcupheni yokukhulelwa, ube nomntwana ongamdingi, okuyikho okwenza omama abathile baphonse abantwana emigqonyeni yezibi noma bakhule ngaphandle kothando, ukunakekelwa kanye nokwesekwa akakudingayo. Into emqoka kubantu abasha nokumele bayibeke phambili yimfundo, kanye namakhono afanele angakha ikusasa labo kanye nelezwe.

***Siyayinxusa intsha ukuba ithathe izinqumo eziphusile.***

**ZIGQAJE NGOBUSHA BAKHO SIKUFISELA INYANGA ENHLE YABANTU ABASHA!!!**

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# UNDUNANKULU UHALALISELA ABECOMRADES

BHEKI NCUBE

Kube yintokozo yodwa uNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnuz Sihle Zikalala ebambisana noNgongqoshe Wezobuciko, Ezemidlalo NokuNgcebeleka uNksz Hlengiwe Mavimbela behambela iComrades Marathon Lomjaho oheha abantu abangaphezu kwa-5000 uhlelwa uMnyango Wezemidlalo noKungcebeleka ubambisene neKZN Athletics minyaka yonke ngaphambi nje komjaho weComrades Marathon.

Lomjaho unika intsha ithuba lokuba nomuzwa weComrades Marathon uphinde ubanike ithuba lokuthi bazivocavoce. UMnuz Zikalala noNksz Mavimbela babe yingxenye yokwamukelwa kwabanqobile kulomjaho omkhuukazi ngesikhathi beqeda enkundleni yomjaho wamahhashi eScotsville eMgungundovu besuka eThekwini ngeSonto ziyi-10 kuJune.

Labaholi baphinde bazimazisa umcimbi okhethekile wokukhishwa kwemiklomelo ngakusasa ngoMsombuluko ekuseni kwelinye lamahhotela eThekwini.

UMnyango Wezemidalo Nokungcebeleka wesiFundazwe ubungomunye wabaxhasi abahlanu abakhulu balomjaho.

Ngenxa yalokhu uphawu lomnyango belugcwele kuzo zonke izikhangiso, umabona-kude nezinkundla zokuxhumana ngesikhathi kuqhubeka lomhaho usuku lonke. Nangalonyaka isiFundazwe sethu siqhubekile nesiko esaluqala eminnyakeni edlule lokwengeza ngomklomelo womgijini wakuleli wokuqala ukuqeda oyiR45 000, nophinde watholwa ngumpetha wangonyaka odlule uBongimusa Mthembu (we Arthur Ford AC) olale isibili kulokhu kwabesilisa.

UMthembu uyingxenye yabadlali abaqeqeshwa ngokukhethekile ngaphansi kohlelo loMnyango olwaziwa nge-Elite Athlete Development Programme (EADP). Kwabesimame umklomelo wesifundazwe uthathwe wu Jenna Challenor.

Lentokazi ilale isithupha sekuqhathaniswa nabo bonke abesimame. Inkulumo kaNdunankulu uZilakala kulomcimbi ibimayelana nokuthokoza kwakhe ngethalente eliboniswe ngabagijimi baseNingizimu Afrika nje jikelel kulomncintiswano, njengoba yomibili imiklomelo ephambili isale ekhaye. Kwabesilisa kuphume phambili u Edwad Mothibi (Nedbank AC), eshiya kancane uBongumusa Mthembu wakuleli ngesikhathi esingaphansi kwenxenye yomzusu (25 secs).

Kwabesimame kuphume phampili intokazi esencane uGerda Steyn (Nedbank AC), okhale wemuka nemiklomelo engaphezu kwesigidi samaqandi.

**UNkk HLENGIWE MAVIMBELA**

**UNGQONGQOSHE WEZAMACIKO, AMASIKO, IMIDLALO NOKUNGCEBELEKA KWAZULU-NATAL**







*UNdunankule waKwaZulu-Natal uMnu **Sihle Zikalala,** uNgqongqoshe Wezemidlalo uNksz Hlengiwe Mavimbela bekanye nezicukuthwane ngesikhathi bamukela abanqobile kwiComrades Marathon emgungundlovu*

# U DE LA PORTE UDLE UMHLANGANISO KWI 2019 KZNDSR/KZNA YOUTH RUN

MTHOKOZISI MKHIZE

Umsubathi uBen De La Porte ongowokudabuka eThekwini ongumfundi waseVarsity College umangaze abaningi ngenkathi edla umhlanganiso eqeda umjaho ka10 km ngemizuzu nje engu 31.16 okwenze iningi lisale limangele ngesivinini anaso lomsubath.

Umjaho i2019 KZNDSR/KZNA Youth Run ububanjelwe ezinkundleni zemidlalo iKings Park Rugby outer fields, ngoMgqibelo eThekwini zingu 08 June 2019.

Lomjaho oheha abantu abangaphezu kwa-5000 uhlelwa uMnyango Wezemidlalo noKungcebeleka ubambisene neKZN Athletics minyaka yonke ngaphambi nje komjaho weComrades Marathon. Lomjaho unika intsha ithuba lokuba nomuzwa weComrades Marathon uphinde ubanike ithuba lokuthi bazivocavoce.

I-Youth Run iseqhulweini yezinhlelo zenyanga yentsha zoMnyango. UBen De La Porte ongumsubathi ongaphansi kohlelo lweEADP aphinde abe ngumdlali omncane ovelele kumaKZN Sport Awards bekungokokuqala engenela lomncintiswano weKZNDSR Youth Run. Lomgijimi utshengise okukhulu ukuzikhandla nokuzithemba ekutheni uzowuthatha umhlanganiso kulomjaho ngenkathi ungakaqali. Nakhona ngempela uveze ukuthi ubeneqhinga lokuthi uzoqinisa indlela agijima ngayo zisuka nje bese angakuvumeli ukukhathala kumphazamise.

UDe la Porte ukujabulele kakhulu ukuwina lomjaho obubanjelwe ekhaya futhi kuyena kube inqqophamlando ukuba aqede lelibanga ngesikhathi esihle kangaka.

“Noma lomjaho ubunzima ngenxa yokuthi abanye abagijimi baqale ngesivinini esiphezulu esenze ngacishe ngaphelelwa ithemba, kodwa ngiqhubekile nokuziphusha”, kuphawula uBen

UBen ushashaye ekhanda umsubathi okade ebhekiwe ukuthi angase awunqobe lomjaho okungu Kabelo Hlahane ongaphansi kwaMajuba Athletics Club ophume isibili esala ngemuva nje ngemizuzwana engu 35 kwase kulandela uKoos Moletsi ophume isithathu oqhamuka kwiNedbank Running Club.

Kwisigaba sabesifazane kuphumelele uSimangaliso Madlala ohlabe umxhwele abantu abaningi ngesikhathi asenzile okuyimizuzu engu38.23 elandelwa ezithendeni nguXolo osale ngemizuzwane nje emithathu engena isibili, kwase kwaba uSisanda Sikhakhane ophume isithathu esele ngemuva ngemuzuzwana eyishumi nambhili.

**IMIPHUMELA**

**ABESILISA:**
1 Ben de la Porte 31.16
2 Kabelo Hlahane 31.51
3 Koos Molutsi 32.12
4 Lungani Ngcobo 32.22
5 Sanele Masondo 32.30

**ABESIFAZANE:**
1 Simangaliso Madlala 38.23
2 Xulu Andiswa 38.25
3 Sisanda Sikhakhane 38.37
4 Bongekile Manyoni 39.29
5 Paige Mckenzie 40.27

# KUBEKWE ECELENI IMALI ENGU R90 MILLION UKWAKHELA IZINDLU ABEZIKHUKHULA

SENZELWE MZILA

UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu esifundazweni saKwaZulu-Natal uSipho Hlumuka umemezele ukuphasiswa kwesamba semali esingu R90.8 million ukuze kwakhiwe izindlu zokuhlalisa labo abalahlekelwe imizi ngenkathi iTheku lihlaselwa yizikhukhula enyangeni ka-April.

UHlomuka ngolwesiBili, Mhlaka 11 June, usingathe umhlangano nezinhlangano ezisebenzela umphakathi kanye nosomabhizinisi ababe neqhaza elikhulu ekulethweni kosizo kwimindeni ethinteke kulesi sehlakalo.

Kulomhlangano uNgqongqoshe uHlomuka ubonge lezi zinhlangano kanye nosomabhizinisi ngokugijima ngokushesha ngenkathi isifundazwe sethu sikhungethwe yifu elimnyama.

UNgqongqoshe uphinde wahambela eChattsworth lapho ebeyohlola ukuhlala kwezakhamuzi ezibekwe ehholo iBurlington okungezinye zezindawo ezisetshenziswa ukuhlalisa abantu okwesikhashana.

Enxoxweni abenayo nomphakathi uHlomuka ukubeke kwacaca kwizakhamuzi lezi ezingu 57 ezihlaliswe kuleli hholo, ukuthi uHulumeni wesifundazwe akabakhohliwe kepha usebenza ngokukhulu ukuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi usizo

**UMnu THAMI HLOMUKA**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA NEZINDABA ZOMDABU KWAZULU-NATAL**





*UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu uSipho Hlomuka wethule isamba semali engu-R90 million yokusiza imindeni elahlekelwe ngenxa yezikhukhula.*

luyaqhubeka nokulethwa kuzo lezi zakhamuzi. "SinguMnyango siyaqhubeka nokubambisana nomasipala waseThekwini njengoba sinabantu abangu 580 abahlaliswe ezindaweni eziyishumi ezingamahholo njengoba balahlekelwa yimizi ngenkathi isifundazwe sethu sihlaselwa yilezi zimvula ezenza umonalo obalelwa ku R1.1 Billion" kusho uHlomuka.

"Selokhu kwenzeka lesi sehlakalo esesidale umonakalo kakhulukazi lapha eThekwini, njengoba umonakalo ubalelwa kuR600 million kulomasipala, singuhulumeni sasukuma ngokukhulu ukushesha ngokubambisana nezinhlangano ezisebenzela umphakathi ukuze sisize izisulu zazo lenhlekelele.

Imindeni ethintekile siyisize ngoyitholela indawo yokuhlala yesikhashana saphinde saqikelela ukuthi bayakuthola ukudla kanye nezingubo ezifudumele njengoba sesingena ebusika.

Singuhulumeni siphinde sasiza labo abashonelwe ukuthi bakwazi ukufihla ngesikhulu isizotha abathandiwe babo.

Sisaqhubeka nokubambisana nani niyimindeni" kusho uHlomuka.

Lemali engu R90 million ephasiswe ngumnyango wezokuHlaliswa kwabantu kuhulumeni kazwelonke, kulindeleke ukuthi yakhe izindlu ezingu 772, isize imindeni engu 3017 ukuthi ithengelwe izinto zokulungisa imizi yawo bese iphinde isetshenziswe ukuthutha imindeni kuzona lezi zindlu ezintsha

Uhlomuka uphinde wahlaba ikhwelo kwizakhamuzi ukuba ziqhubeke ukunikela ngokudla kanye nezingubo.

# IZINKULUNGWANE ZITHOKOZELE UKUFAKWA KUKAGESI EMSINGA

SENZELWE MZILA

UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu uSipho Hlomuka, uhambele indawo yaseMzweni, ku-wadi 2 kuMasipala waseMsinga lapho ethule khona isheke lemali engu R1.5 million, yokusiza ukuthi kuphothulwe uhlelo lukagesi olwaziwa nge Mzweni Phase 3.

UHlomuka uhambele lomphakathi ngomhlaka 7 June. Enkulumweni yakhe nomphakathi, uNgqongqoshe uHlomuka ubophezele uhulumeni wesifundazwe ukuthi uzoqinisekisa ukuthi ugesi uhanjiswa kuzona zonke izindawo ezisemakhaya, njengoba ngaphambili zazinganakiwe ngohulumeni bobandlululo.

"Uhlelo lolu lukagesi lwaseMzweni, lufaka ugesi kuwadi 2 no 3, kuhloswe ngalo ukuthi kuhanjiswe ugesi kwizakhamuzi ezingu 1186.

Ngenxa yokushoda kwezimali, loluhlelo lwafakwa ngendlela yokuthi lungene kancane kancane ukuze lukwazi ukukhanyisa kuyona yonke lendawo yaseMzweni, sikhuluma nje ngaphansi kwalo loluhlelo sekufakwe ugesi kwimizi engu, 806, konke lokhu kwenzeke ngaphansi kuka-phase 1 no 2 waloluhlelo. Kuwona lonyaka wezimali esikuwo umasipala usubeke imali engu R10 million ukuze kuxhunywe ugesi kwimizi engu 335, singuMnyango sibenethuba lokukhulumisana nawo umasipala wasichazela ukuthi ushoda ngemali ukuze uxhume ugesi kwimizi engu 45 esele.

SinguHulumeni sibe sesithatha isinqumo sokuthi siyikhiphe lemali ukuze siqinisekise ukuthi imiphakathi yethu iyawuthola ugesi kungabi bikho muntu osala ngaphandle" kusho uHlomuka.

"Namhlanje ngilapha ukuzokwethula yona lemali engu R1.5 million ezosetshenziswa ukufaka ugesi ukuze loluhlelo luphothulwe.

SinguHulumeni wesifundazwe sinendaba nokuphila kwemiphakathi yethu.

Kubuhlungu kithina ukuzi izindawo zethu ezisemakhaya imaziqala manje ukunakwa ngaphansi kwalohulumeni wentando yeningi" kuqhubeka uNgqongqoshe.

Ilunga lomphakathi uNkz Sanelisiwe Zungu, uthi ukufakwa kukagesi endaweni yabo kufana nephumo njengoba bebengakholwa ukuthi lolusuku luyoke lufike: "Asikukholwa lokhu esikubona namhlanje, sibonga kakhulu kuNgqongqoshe uHlomuka njengoba izimpilo zethu sezizoshintsha kakhulu, njengoba manje sesizokwazi ukuthi sifake ukudla ema-frijini siphinde sikhanyise ugesi kanye nokupheka ezitofini zikagesi.

Ukuyotheza izinkuni sekuyinto ezophela njengoba uNgqongqoshe eseshilo ukuthi loluhlelo lokufakwa kukagesi kulindeleke ukuthi luphothulwe kwizinyanga ezintathu ezizayo" kusho uMaZungu.





# ABONAKALA ZISUKA NJE AMAGALELO KA CHAGWE

SIHLE MLOTSHWA

**UMnu KWAZI MSHENGU**

**UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL**



Kungakapheli masonto mangaki uMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, u Kwazi Mshengu, eqokwe njengoMphathiswa weZemfundo, izigi zakhe seziyezwakala.

Kuyabonakala ukuthi amandla nobuchule bakhe njengomuntu osemusha, kuzodlala indima enkulu ekuphuculeni imfundo esifundazweni saKwaZulu-Natali.

Ekhuluma ngenkathi ethweswa umyezana weMasters in Law nyakenye, uChagwe wathi kubalulekile ukuthi imfundo yenziwe ibe semfashinini. Akungabazeki ukuthi ukuqokwa kwakhe njengoMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, kuzokwenza abafundi abangaphezulu kuka 2.8 million, babone imfundo njengento esemfashinini.

Kungakapholi maseko eqokiwe, uMphathiswa ephelezelwa iNhloko yoMnyango, uDkt Enock Nzama bahambele eDurban Girls High School, lapho evule ngokusemthethweni ubuxhakaxhaka be Education Centre ebize izigidigidi.

Efika kulesikole kuchwaze abafundi, ubona ukuthi bayakuthakasela ukuthi uhambo lokuqala laMphathiswa emva kokuqokwa kwakhe, kube ngolasesikoleni sabo. "Sizizwa sijabule kakhulu ukuthi uMphathiswa aqale esikoleni sethu, futhi kuyasikhuthaza ukuthi



ungumuntu osemncance, okusho ukuthi nathi ikusasa lethu liqhakazile," kusho omunye wabafundi.

UChagwe usuke lapho wahlangana nabasebenzi basemahhovisi eMgungundlovu, lapho ezethule khona ngokusemthethweni wabe esebeka umbono wakhe. Nakuwo lomhlangano obe nesasasa, abasebenzi bakhombise ukumamukela uMphathiswa futhi bathembisa ukumeseka embonweni wakhe. Ekhuluma nabasebenzi uMphathiswa uthe, "Kumele siwazise umsebenzi wethu, futhi kumele sizibuze zonke izinsuku ukuthi yini esiyenzayo ukuphucula izimpilo zabantu."

Utshele abasebenzi ukuthi bangavumeli muntu ukuthi abanike imiyalelo engekho emthethweni, ngisho ngabe leyomiyalelo iphuma kuye uqobo.

UMphathiswa ubuye wagasela kungazelelwe e Laduma High School KwaMpumuza, lapho akhombise ukungenami ngendlela umsebenzi wokufunda nokufundisa owenziwa ngayo esikoleni.

UMshengu usehlangene nezinyonyana zothisha ezehlukene ezifana ne SADTU, iNatu kanye ne NAPTOSA. Izigi zikaMshengu ziyezwakala. Uphinde wahlangana nezigungu ezilawula izikole zase Phoenix, lapho athembise ukuthi uzokwenza uphenyo olunzulu ngezinsolo zokukhwabanisa ezibekwa abazali.

UMnyango wehlelwe yifu elimnyama ngokuthi abafundi baseMpangeni babandakanyeke engozini yemoto elimaze abafundi abaningi kwadlula nomfundi oyedwa. OkaChagwe akachithanga isikhathi, kuthe ngosuku olulandelayo yena kanye no Dkt uNzama, bavakashela abafundi abalimele esibhedlela saseNgwelezane, lapho ababafisele ukululama okuphuthumayo.

Baphinde bavakashela umndeni womfundi oshonile badlulisa amazwi enduduzo.

UMphathiswa uphinde wahambela umphakathi wase Sahlumbe ngaseMtshezi, ngenhloso yokuxazulula izimpi zezigodi eziphazamisa ukufunda nokufundisa eSahlumbe High School.

Uma ubuka izinto uChagwe asesenzile selokhu eqokelwe ezemfundo esifundazweni, kuyacaca ukuthi uzimisele ukusebenza ngokuzikhandla ukukhuphula izinga lemfundo nokwenza imfundo ibe semfashinini.

# UMSHENGU UVULE NGOKUSEMTHETHWENI UBUXHAKAXHAKA BE - EDUCATION CENTRE

BONGISWA XULU

UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal, u Kwazi Mshengu uvule ngokusemthethweni ubuxhakaxhaka be Education Centre e Durban Girls High School eThekwini. UMphathiswa ubehambisana neNhloko yoMnyango uDkt Enoch Nzama.

Lomcimbi owenzeke mhla zingu 31 kuNhlaba, ubuhanjelwe uMqondisi wesiFunda sase Mlazi u Ntokozo Cele, abasebenzi basehhovisi likaNgqongqoshe, abaphuma kumkhakha waka Governance and Management, Isigungu esilwaula isikole, abaxhasi kanye nosingaye, abafundi.

Lesisakhiwo sixhaswe iVictor Daitz Foundation eholwa uMnu Sam Abrahams. Abafundi nabo babambe iqhaza kwazise baphume izinkalo befuna uxhaso ukuze kwakhiwe lobuxhakaxhaka. "SiwuMnyango wezeMfundo siyajabula ukwazi ukuthi lesi sikole sihlezi siqinisekisa ukuthi sisinikeza izinga lokuphasa elingu-100% minyaka yonke.

Siyaziqhenya futhi siyakhuthazeka ukuba senze okwengeziwe ngalesi sikole. Kubaxhasi abasizile ukwakha lesakhiwo esihle kakhulu, sibonga siyanconcoza," kusho uDkt Nzama. Enkulumeni yakhe, uNgqongqoshe umeme



osomabhizinisi abazimele ukuba baqhubeke nokubambisana noMnyango weZemfundo ukuze kuphuculwe izinga lezemfundo, kwazise imfundo iwumsebenzi wawowonke umuntu.

"Kudingeka ukuba sibambane ngezandla ekuguquleni uhlelo lokufunda ukuze abafundi bathole izinga eliphezulu lemfundo ngisho nasezindaweni zasemakhaya nasemalokishini.

Kuyathokozisa ukuthi abafundi baye bafaka isandla ekubeni ingxenye yokwakha le Education Centre.

Ngiyajabula kakhulu ukuthi abafundi balesikole baziphatha ngendlela enenhlonipho enkulu.

Ngidlulisa amazwi okubonga kuwona wonke umuntu okhona nobambe iqhaza ekwakhiweni kwalesakhiwo," kubeka uMphathiswa uMshengu.



# UNGQONQGOSHE WEZEMFUNDO UGASELE ELADUMA HIGH SCHOOL

SBONISIWE SHEZI

UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMnuz Kwazi Mshengu, ehambisana neNhloko yoMnyango, uDkt Enock Nzama, bagasele kungazelele muntu eLaduma High school endaweni yaKwaMpumuza ngaphansi kwesiFunda saseMgungundlovu.

Inhloso yalokugasela kukaNgqongqoshe bekuwukubheka ukuthi umsebenzi wokufunda nokufundisa uhamba kanjani kulesikole.

UThishanhloko waseLaduma, uMnuz Peter Masikane, uqale ngokuchaza kabanzi ngomlando wesikole wathi ngonyaka ka-2017 kwibanga likamatikuletsheni bathola u-65%, kanti ngo-2018 bathola 47.4%. uqhubekile wabika ngezingqinamba ezikhungethe isikole, nathe ukungafiki ngesikhathi kothisha kanye nabafundi esikoleni okuyinkinga enkulu ngoba kubambezela ukuphothulwa kwezigaba zokufunda ngesikhathi.

Inkinga yokungabi nesigungu esilawula isikole kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa, kubalwe njengezinye zezingqinamba ezibhekene nesikole.

UNgqongqoshe ephawula ekulesi sikole, ukhulume kabanzi ngenhlanzeko, nathe kuyacaca uma ungena emasangweni akulesi sikole ukuthi sikhungethwe yizinkinga ngenxa yokungahlanzeki kwaso.

Mayelana nokungafiki ngesikhathi kothisha nabafundi esikoleni, uNgqongqoshe ucele uhla lwalabo bothisha kanye nabafundi, wabe esethi abahloli kumele badlale indima yabo ekuqondiseni izigwegwe.

Ube esethi “asikwazi ukuthi singaba nesikole esizothola u-47% ekubeni siphokophelele ukuthola u 85% siyisifundazwe saKwaZulu-Natali. Sidinga icebo eliphusile lokuguqula isimo salesi sikole” kusho uNgqongqoshe.

Mayelana nodaba lokusetshenziswa kwezidakamizwa, uNgqongqoshe unxuse uThishanhloko ukuba asebenzisane kakhulu namaphoyisa ukuze bahlole izidakamizwa kanye nokuphathwa kwezikhali emagcekeni esikole.

INhloko yoMnyango Dkt Enock Nzama, naye uyigxekile indlela ekuphethwe ngayo isikole wathi ayiqinile. Uqhube wathi ukungafiki ngesikhathi esikoleni kothisha nabafundi kuwusiko olubi.

Ube esethi bazobuya bezobheka ukuthi lezizingqinamba abazificile esikoleni bazixazulule kanjani. “Sizonilethela othisha ngesikhathi sezifundo zamaholidi asebusika abazonilekelela, ikakhulukazi kwi-Accounting.” UDkt Nzama ube esebagqugquzela othisha kanye noThishanhloko ukuthi basebenze ngokubambisana.

**Inhloso yalokugasela kukaNgqongqoshe bekuwukubheka ukuthi umsebenzi wokufunda nokufundisa uhamba kanjani kulesikole.**

